

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA
UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU YOKWETHULA UHLELO
LWEZOKUPHEPHA EMGWAQENI NGAMAHOLIDE EPHASIKA ETSHELIMNYAMA E-PINETOWN
MHLAKA 20 APRIL 2011.**

Mphathi wohlelo;
AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yeTheku;
Amakhansela;
Abezokugcinwa komthetho;
Izisebenzi zeminyango kaHulumeni eyahlukene;
Amanxusa ezokuphepha emgwaqeni;
Izinhlaka zonke esisebenzisana nazo;
Abezindaba;
Umphakathi wonke okuyiwona esize kuwona lapha;
Nginyanibingelela nonke.

Mphathi wohlelo, mangibonge ukuthi sikwazi ukuphumelela sonke kulo mcimbi wokulungiselela isikhathi esibalulekile sePhasika. Leli viki selisho ukuqala kwamaholide ePhasika. Abantu sebeqalile balungiselela ukuvakasha, abasebenza kude bazobuya emakhaya bayobona imindeni kanti nalabo abangama-Kristu bazobe behamba beya ezindaweni zokukhonza ezahlukene.

Kuyadabukisa-ke nokho ukuthi kulesi fundazwe sethu konke lokho kusho ukwenyuka kwenani lezimoto, okuhambisana nezingozi zomgwaqo. Isikhathi sokugubha kwamakholwa namalunga emindeni engahlali ndawonye evakashelana ngalesikhathi siphenduka usizi kweminye imizi.

Yingakho sithatha leli thuba futhi sidlulise ukubonga ezintombini nezinsizwa zakithi ezihlale zichitha amaholidi zisebenzela ukuphepha kwethu sonke emgwaqeni.

Sibonga amaphoyisa omgwaqo nawe-South African Police Force (SAPF), abama-ambulensi nabasebenzi basezibhedlela ngomnikelo abawenzayo egameni lokuphepha kwethu.

Isikhathi sePhasika salo nyaka sithe ukwehluka ngokuthi sifika lapho, njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, sisanda kuba nembizo yezokuphepha emgwaqeni esithi i-Road Safety Summit. Le summit ibiyingxenywe yezinhlelo zokuxoxisana ezisiza uMnyango nezinhlelo osebenzisana nazo ukuba sibhekane kangcono nezinsalelo emigwaqeni yethu, ikakhulukazi lezo ezibeka ukuphepha kwethu enkingeni.

Ngakho-ke uhlelo lwezokuphepha esilwethula namhlanje siluthatha njengesiqalo sohlelo olubanzi lwezokuphepha emgwaqeni ngokulandela izinqumo zembizo ebesinayo. Lona ngumcimbi oyingxenywe

yomkhankaso obanzi wokufeza izinjongo zale mbizo yezokuphepha ezibhekene nokunqanda ukufa kwabantu emigwaqeni yethu.

Phakathi kwezinqumo ezithathwe kule summit kuthiwe:

- Intsha kumele ihambe phambili ekushintsheni indlela yokuziphatha uma ishayela;
- Imithetho kumele iqiniswe njengoba izephula-mthetho zithola izijeziso ezincane;
- UHulumeni kumele abheke ukusungulwa kwezinkantolo zamacala omgwaqo ukuze izaphulamthetho kuzobhekwana nazo ngokukhulu ukushesha;
- Ngesikhathi uMnyango udweba imigwaqo namabhiliji kumele ubeke ezokuphepha phambili. Ukwenza izibonelo, kumele kube nezimpawu ezigqamile, imigqa egqamile, amabhampi okuvimba ijubane, nezingcingo ezibiye umgwaqo;
- Kumele kuqiniswe izifundo kwezokuphepha kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni emiphakathini;
- Kumele kube nokusbenzisana kwezigaba zikahulumeni kuzo zonke izinhlelo;
- Ukuhlonishwa nokuqeqeshwa kwamaphoyisa omgwaqo;
- Ukulwa nenkohlakalo embonini yezokuthutha;
- Ukulawula ngomthetho izikhungo zokufundela ukushayela;
- Ukuqhamuka nohlelo oluphusile lokuphepha kwabahamba ngezinyawo emgwaqeni.

Manje esikushoyo-ke futhi lapha kunina njengomphakathi ngokuthi lesi sikhathi sifika lapho sesihlonze lo nyaka njengonyaka womnyakazo wabantu ekulweni nezingozi nokwepfulwa kwemithetho yomgwaqo, esithi i-Activism Against Road Carnage and Transgressions.

Lokhu kusho ukuthi sifuna ukugqugquzela abantu ngamunye kanye nomphakathi wonkana ukuba babambe iqhaza ekunqandeni izingozi emgwaqeni. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa.

Yingakho-ke ngithatha leli thuba ukuba nginxuse umuntu ngamunye ngamunye kinina ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuthi nesekele lo mkhankaso esiwethula namuhla.

Sinqume ukuletha lo mcimbi kinina njengomphakathi ngoba sifuna kube nokubambisana ekulweni nezingozi zomgwaqo ngesikhathi sePhasika nangemuva kwalo.

Esikuqondile lapha ngukuqhakambisa isidingo esiphuthumayo sokuba siqwashisane noma sisodwa ukuthi uma sisebenzisa umgwaqo siziphatha ngendlela enokuphepha nokuthi ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wethu sonke.

Ucwaningo emisebenzini eyenziwa amaphoyisa omgwaqo kule minyaka emibili edlule (2008/09 – 2009/10) luveza izinga eliphezulu lezaphulamthetho kodwa ezingazitholi izijeziso emigwaqeni yethu. Abashayeli yibona abayinkinga enkulu uma kukhulunywa ngokungagcini imithetho yomgwaqo.

Izinto ezibonakala zihamba phambili ekudaleni izingozi KwaZulu-Natal yijubane, ukushayela uphuzile, izimoto ezingekho esimweni esifanelekile sokuba semgwaqeni, kanye nemikhutshana eyenziwa ngenkathi umuntu eshayela, njengokungafasi ibhande, ukukhuluma kwi-cell phone ushayela, nokulayisha ngokweqile.

Izingozi zomgwaqo nokufa kwabantu emgwaqeni ikakhulukazi, kuba nomthelela omkhulu kulabo abayizisulu. Abantu abafa emgwaqeni kuvame ukuba ngabasebenzi, abafundi nabantu abondla imindeni. Iningi lalabantu lisuke lingamalungu omphakathi anesandla ekukhuleni komnotho wezwe lethu.

Ngaphezu kwalokho, izingozi zomgwaqo zidla uHulumeni izigidigidi zamarandi (billions), okuyimali okumele ngabe isetshenziswa ukuletha izidingo emphakathini kwenziwe ngcono izimpilo zezakhamizi zalelizwe.

Bafowethu nodadewethu, senginimemile nina ngamunye ngamunye ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni. Manje mangithathe leli thuba ngibonge zonke izinkampani nezinhlangano ezizimele ezibambisene nathi singuHulumeni. Lolu hlelo sithi i-Public Private Partnership.

Ngenxa yalolu hlelo sesiyakwazi ukuthi sisebenzisane nezinkampani ezifana ne-South African Breweries (SAB), esifisa ukuphinda siyibonge ngokungenelela ngama-Alcohol Evidence Centres, okuyizikhungo ezinama-breathalyser – okusho umshini okwazi ukufunda izinga lotshwala egazini ngaso lesi sikhathi kusetshenziswa umoya ophuma emlonyeni womuntu ngenkathi efutha, kuphume umphumela ongasetshenziswa nasenkantolo njengobufakazi.

Kuyintokozo-ke kumina ukuba ngisho ukuthi namhlanje ekuseni siqale savula i-Evidence Centre yesine yoMnyango lapha kwa-RTI wasePinetown.

Ezinye izikhungo esezavulwa nezisebenza kahle ziseMgungundlovu, eMdloti nase-Port Shepstone. Kuze kube manje bangaphezulu kuka-3 400 abashayeli asebeboshwe kulezi zikhungo ngokushayela bephuzile.

Siphindile futhi sakha ubudlelwano nenye yezinhlangano ezingekho ngaphansi kukaHulumeni, phecelezi, Non-Governmental Organisation (NGO) eyaziwa nge-South Africans Against Drunk Drivers (SADD), kanye nenkampani yabashicileli bamaphephandaba i-Independent Newspapers.

Ngokubambisana sibe sesiqhamuka nomkhankaso esiwubiza nge - "Name and Shame Campaign," lapho siqonde khona ukuba amagama ezaphulamthetho ezishayela ziphuzile anekelwe izwe ephephandabeni Isolezwe ne-Daily News. Lokhu kungukukhuthaza ukubambisana nomphakathi ekulweni nabantu abaphuza bese beshayela nokuthi labo abakwenzayo baziwe emphakathini wonkana.

Ngokwenza njalo sinethemba lokuthi sizokwehla isibalo esingemukelekile sabantu abafayo nabalimala emigaqweni ngenxa yalabo abaphuza bese beshayela.

Mphathi wohlelo, njengengxenywe yohlelo lwethu, wonke amaphoyisa ethu omgwaqo azobe esebenza ngalesi sikhathi. Sinezindawo esizihlonzile ezizohlale ziqashiwe nasebusuku. Ithimba likaShanela lizobheka izithuthi zomphakathi, okuhlanganisa amabhasi ahamba amabanga amade, ukuze siqinisekise ukuphepha kwabagibeli.

Kuzokuba nezimvimbamzila ezahlukene esifundazweni ezididiyele i-SAPF, amaphoyisa omasipala nezinye izinhlaka zokugcinwa komthetho womgwaqo ezizobheka abashayela bedakiwe, izimoto ezingekho esimweni, ukulayisha ngokweqile kanye nobugebengu.

Ekuqiniseni izinsiza kwezokugcinwa komthetho, namhlanje sethula izimoto eziyisikhombisa ezintsha ama-VW GTI Golf azonikezwa iziteshi zakwa-RTI ezizoqondana ngqo nalaba 'abandizayo' emigwaqeni yalesi fundazwe.

Bakwethu, mangiphinde ngithathe leli thuba ngiyibonge kakhulu imiphakathi yase-Pinetown, ikakhulukazi lapha e-Mariannhill ngokusekela umkhankaso ka-Operation Hlasela. Siyazi sonke ukuthi ngasekupheleni konyaka odlule indawo yase-Pinetown namaphethelo ike yagqama ngezigameko zobugebengu ebezibikwa kuyona.

Kodwa ngendlela enibambisane ngayo neminyango kaHulumeni namaphoyisa njengomphakathi, siyanibonga kakhulu. Ngamaholide ka-December/January, silethe ithimba lamaphoyisa ebelihleli khona lapha eTshelimnyama esithole ukuthi nibambisane kahle kakhulu nalo. Siyanibonga ngalokho.

Senikhombisile ukuthi ngeke kulunge ukuthi iKwaZulu-Natal ihlale ihamba phambili ezweni uma kukhulunywa ngezinto ezingalungile. Ngeke ukuthi njalo uma kukhulunywa ngokufa kwabantu ngenxa yengculazi, izingozi zomgwaqo, udlame lwamatekisi nobunye ubugebengu, kubalwa iKwaZulu-Natali njengendawo ehamba phambili kukona.

Selokhu kwangena intando yeningi eNingizimu Afrika ngo-1994, yithina kuphela isifundazwe lapho kuke kwanenkinga ngemiphumela yokhetho lokuchibiyela ngenxa yokuthi abavoti basatshisiwe abanye bashaywa.

Yilapha KwaZulu-Natal kuphela lapho sike sabona kugwetshwa umuntu ngokuntshontsha amaphepha okuvota esefakwe uphawu.

Ngakho-ke siyayinxusa yonke imiphakathi esifundazweni ukuba iphumele obala iqinisekise ukuthi ngokubambisana siyasilungisa isifundazwe sethu. Masiqhubeke sisebenze bese sikhuleka ndawonye ngalesi sikhathi sePhasika sicele ukuphepha eNingizimu Afrika, kunciphe izingozi zomgwaqo kanjalo nobugebengu.

Ngiyabonga.